khombisayo esingenisa egumbini elinegesi nokulapho khona kwakungabulawa abantu abangu-600 ngesikhathi esisodwa. Angicabangi ukuthi singaqala sicabange ukuthi lento yayibuhlungu kangakanani. Kepha ingabe kwakuyisihogo ngempela na? Sakwazi ukuvakashela leligumbi elinegesi ngoba okwakwenzeka khona kwagcina ngo-1945. Manje usungayivakashela lendawo. Akusekho-muntu ohlukunyezwayo noma ofakwa uphoyizeni kulendawo manje. Igumbi legesi layeka ukusebenza e-Auschwitz. Kepha isihogo esichazwe eBhayibhelini singunaphakade.

Ngesikhathi singena esangweni lakulembu ngabona isithombe somzimba kaKristu elenga esiphambanweni. Omunye weziboshwa wabeka ithemba lakhe kuJesu, babethela esinye seziboshwa, bakhombisa ngomdwebo osedongeni onezipikili. Lomuntu wafa endlini enegesi. Kepha wayazana noMsindisi, uJesu. Wafela endaweni esabekayo kepha wamukelwa ezulwini. Akukho ukuphunyuka kwisihogo uJesu asichaza kwiTesitamente elisha (isibonelo NgokukaMathewu 7:13; 5:29-30; 18:8). Angeke wakwazi ukuvakashela esihogweni – siyohlale njalo siyindawo yokuhlushwa okungapheli.

Izulu nalo lingunaphakade. Lena indawo uNkulunkulu afuna ukuba sibe kuyona. Vuma ukuba umenyelwe ezulwini. Biza igama leNkosi bese uzibekisela indawo ezulwini! Ngemuva kwenkulumo engake ngayethula ngelinye ilanga, owesifazane weza kimina. Wayethukuthele kakhulu. “Ingabe umuntu ‘angazibekelela’ kanjani indawo ezulwini na? Lokhu kuzwakala sengathi inkampani yokulungisela abahambayo!” Nami ngiyavumelana naye, “uma ungazibekeleli indawo angeke wakwazi ukufinyelela lapho ufuna ukuya khona. Uma ufuna ukuya eHawayi, udinga ithikithi. Yebo, ngithe ithikithi eliya ezulwini kumelwe nalo likhokhelwe. Kepha libiza kakhulu okungangokuba akukhomuntu ongakwazi ukulikhokhela. Isono sethu siyasivimbela ukuba singena ezulwini. U-Nkulunkulu angeke akwazi ukubekezelela isono ezulwini. Uma ufuna ukuchitha ingunaphakade noNkulunkulu ezulwini, udinga ukuba usindiswe esonweni. Lokhu kungenziwa umuntu ongenasono ngokupheleleyo – lowomuntu nguJesu Kristu. Uyena kuphela ongakukhokhela ukuze ukwazi ukungena ezulwini. Wayikhokha intengo yakho ngegazi lakhe esiphambanweni.”



Manje, ingabe yini okumele ngiyenze ukuze ngingene ezulwini na? U-Nkulunkulu usimemile sonke. Miningi imibhalo eseBhayibhelini esinxusa ukuba samukele isimemo sikaNkulunkulu:

- ***“Phikelelani ukungena ngomnyango omncinyane; ngokuba ngithi kini: Abaningi bayakufuna ukungena, bahluleke”*** (NokukaLuka 13:24).
- ***“Phendukani, ngokuba umbuso wezulu ususondele”*** (NgokukaMathewu 4:17).
- ***“Ngenani ngesango elincane; ngokuba isango libanzi nendlela inkulu eyisa ekubhujisweni; baningi abangena khona. Kepha isango lincane nendlela iyingcingo eyisa ekuphileni; bayingcosana abayifumanayo”*** (NgokukaMathewu 7:13-14).
- ***“ubambelele ekuphileni okuphakade owabizelwa kukho”*** (1 KuThimothewu 6:12).
- ***“Kholwa yiNkosi uJesu, yikhona uzakusindiswa wena nendlu yakho.”*** (Izenzo 16:31).

Lezi izimemo ezinyakazisanayo neziphuthumayo. Uyazizwela ukuphuthuma kanye nokugcizelela kwalemibhalo. Into efanelekile ongayenza inye kuphela ukuba uthandaze umthandazo wokwamukela isimemo.Thandaza umthandazo ofana nalona olandelayo:

“Nkosi uJesu, sengifundile ukuthi ngingangena ngawe ezulwini kuphela. Ngifuna ukuba nawe ezulwini ngelinye ilanga. Ngicela ungisindise esihogweni, indawo engifanele ukuya kuyona njengomphumela wezono zami. Ngenxa yokuthi ungithande kangaka, wangifela esiphambanweni wathwala isijeziso sami. Uyazibona zonke izono zami-kusukela ngiseyingane kuze kube manje. Wazi yonke into embi engayenzayo – izinto engizikhumbulayo nalezo engingasazikhumbuli. Wena uyayazi inhliziyo yami. Ngifana nencwadi evuliwe phambi kwakho. Njengoba nginje angeke ngikwazi ukuya ezulwini ngibe nawe. Ngiyazisola kakhulu, ngicela ukuba ungithethelele izono zami. Woza empilweni yami uyenze ibe intsha. Ngicela ungisize ngihlukane nakho konke okubi engikwenzile emehlweni akho. Ngicela ungisize ngiqale imikhuba emihle. Ngicela ungisize ngiqonde izwi lakho, iBhayibheli. Ngicela ungisize ngiqonde uma ukhuluma nami, ngiphe inhliziyo yokulalela ukuze ngenze intando yakho. Yiba iNkosi yami kusukela manje. Ngifuna ukukulandela. Ngikhombise indlela okumele ngihambe ngayo kuzona zonke izingxenye zempilo yami. Ngiyabonga ngokuba uzwe umthandazo wami, manje sengingumntwana kaNkulunkulu, futhi ngolunye usuku ngiyokuba nawe ezulwini. Ameni.”



Dr. Werner Gitt
Director and Professor
Information scientist

Lesisihloko sisuselwe kwesabhalwa kuqala esithi: Wie komme ich in den Himmel?
Author’s homepage: www.wernergitt.de
Ihumushwe: NguSiphiwe Petros Gwala
Cover: Elise Christian

Bruderhand-Medien
Am Hofe 2, 29342 Wienhausen, Germany
Tel.: +49 (0) 51 49 98 91-0 Fax: -19; Homepage: bruderhand.de
E-Mail: info@bruderhand.de

Nr. 120-48: Zulu, 2nd edition 2010



# Ingabe ngingangena kanjani ezulwini na?

Werner Gitt

120-48 Himmel Zulu Auflage 3 noch nicht gedruckt.indd 1-4
04.01.2022 12:23:00

# Ingabe ngingangena kanjani ezulwini na?

Abantu abaningi bayazama ukungacabangi ngengunaphakade. Ngisho nalabo abakebacabange ngokufa, bakebazame ukungacabangi ngokuthi ingabe kuzokwenzakalani emva kokufa. Ngesikhathi esemcane, umdlali wamafilimu wase-Melika u-Andrew Barrymore (owazalwa ngo-1975) wayedlala ezinye zezindawo ezisemqoka kwifilimu ebizwa ngokuthi i-"E.T." Kwathi eseneminyaka engu-28 wathi, "Uma ngingase ngifele eduze kwekati lami, ngingathanda ukuba linikezwe umlotha wami liwudle, ngoba okungenani ngiyoqhubeka ngiphile ekatini lami." Ingabe lokhu akusikhona yini ukungazi nokungabonisisi okwesabisayo na?

Ngesikhathi uJesu esaphila lapha emhlabeni, abantu abaningi babeza kuye. Inkinga yabo yayivamise ukuba ngezinto zalapha nezamanje.

- **Abanochoko abangu-10 babefuna ukuphulukiswa** (NgokukaLuka 17:13).
- **Impumputhe yayifuna ukubona** (NgokukaMathewu 9:27).
- **Omunye wayefuna ukuba uJesu amsize ngempikiswano yokubanga ifa** (NgokukaLuka 12:13-14).
- **AbaFarisi baqhamuka nombuzo wokumlinga othi ingabe kumele bakhokhe intela kuKesari** (NgokukaMathewu 22:17).

Bambalwa kakhulu abantu ababeza kuJesu befuna ukuzokuzwa ukuthi uthini ngokungena ezulwini. Enye insizwa eyayinothile yeza kuye yambuza yathi, ***"Mfundisi omuhle, ngingenzani ukuze ngidle ifa lokuphila okuphakade na?"*** (NgokukaLuka 18:18). Wamtshela ukuba adayise konke okwakuyigugu kuyena bese elandela uJesu. Ngenxa yokuthi wayecebe kakhulu akazange asilandele iseluleko sikaJesu ngalokho waphuthelwa izulu. Kepha futhi kunabantu ababengalifuni izulu, kepha kwakuthi uma behlangana noJesu bezwa ngalo, basebenzise lelothuba. U-Zakewu wayefuna ukumbona uJesu. Kepha wathola okungaphezu kwalokhu ayekulangazelele. Ngesikhathi uJesu engena endlini yakhe – kwathi besaphuza inkomishi yetiye, uma uthanda – walithola izulu. ***"namuhla insindiso ifikile kulendlu"*** (NgokukaLuka 19:9).

## Ingabe ngingalithola kanjani izulu na?

Uma sisusela kulokho esesikubonile, siyabona ukuthi,

- Umbuso wezulu utholakala ngesikhathi esithile. Kuhle ukukwazi lokho, ngoba kusho ukuthi, nawe mfundi othandekayo, ungawufumana umbuso wezulu namhlanje.
- Umbuso wezulu awutholakali ngemisebenzi emihle.
- Umuntu angawuthola umbuso wezulu ngaphandle kokuzilungiselela.

Imibono yethu mayelana nokuthi kungenwa kanjani ezulwini ayisilona iqiniso uma kungukuthi ayakhelekile kulokho okushiwo uNkulunkulu. Umculi wacula iculo ngosomahlaya oweyesethatha umhlalaphansi kwezamahlaya ngemuva kweminyaka engusomahlaya. Kuleliculo wayethi, "Nakanjani uzongena ezulwini, ngoba wajabulisa abantu abaningi". Omunye wesifazane ocebile wakhela abahluphekayo indlu, kulendlu kwakungahlala abesifazane abangu-20 bangakhokhi lutho. Kepha kunento eyodwa okwakumele bayithembise: laba besifazane kwakumele bathembise ukuthi njalo ngosuku bazokuba nehora elilodwa lokukhulekela ukusindiswa komphefumulo walona wesifazane ocebile.

## Ingabe ngempela singena kanjani ezulwini na?

U-Jesu waxoxa umfanekiso ukuze asize ukuchaza. Evangelini NgokukaLuka isahluko 14:16, ukhuluma ngendoda (kulomfanekiso imele uNkulunkulu) eyalungisa idili elikhulu. Yathumela izimemo kepha umphumela wawujabhisa kakhulu: "Kepha bonke baqala ukuzilandulela ngazwi linye; owokuqala wathi kuye: 'Ngithengile insimu, ...' "Omunye wathi: Ngithengile izinkabi eziyishumi, ... "Omunye wathi: 'Ngithathile umfazi, ngalokho ngingeze." U-Jesu wagcina ngamazwi omninindlu. ***"Ngokuba ngithi kini: Ayikho neyodwa yalawo madoda abemenyiwe eyakulizwa idili lami."*** (NgokukaLuka 14:24).

Kulomfanekiso kuyacaca ukuthi kungenzeka ukuba ufumane noma ulahlekelwe izulu. Into esemqoka ukuthi uyasamukela noma uyasinqaba yini isimemo. Kwakungeke kuvesane kube lula, ingabe kwakungenzeka lokho na? Uma kungukuthi abantu bayanqatshwa ezulwini uma sekufike isikhathi, akungokuba bengayazi indlela, kepha ingoba bengasamukelanga isimemo.

Lababantu abathathu abakulomfanekiso abazona izibonelo ezinhle kithina. Akekho kubona owamukela isimemo sokuza edilini. Ingabe idili lahoxiswa yini ngenxa yokungezi kwabo na? Cha! Njengoba labo ababemenyiwe benqaba ukuza, umnınindlu wathumela isimemo emhlabeni wonke. Lesisimemo sasingabhaliwe ngamagama egolide manje. Kepha isimemo esilula esithi: "Woza!". Wonke umuntu owamukela lesisimemo uthola indawo edilini. Ingabe kwenzakalani na? Izixuku zabantu zafika. Ngokuhamba kwesikhathi umnınindlu wabona ukuthi indawo isekhona. Wabe esethi ezincekwini, "phumani niye ezindleleni nasezintangweni, nibacindezele bangene ukuba igcwale indlu yami".

Manje sengifuna ukubheka ukuthi ingabe lomfanekiso uhlangana kanjani nathi namhlanje. Indawo isekhona ezulwini, uNkulunkulu uthi kuwena, "woza uthathe indawo yakho ezulwini! Yenza isinqumo esihle uzibekele indawo kwingunaphakade! Yenze njalo namhlanje!" Izulu liyamangaliza. Kungakho uJesu alifanisa nedili. I KwabaseKorinte 2:9, bathi, ***"Lokho iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga, okungavelanga enhliziyweni yamuntu, uNkulunkulu akulungisela abamthandayo."*** Ayikho into esemhlabeni engafaniswa nezulu. Izulu liyamangalisa! Angeke kulunge ukungayi ezulwini. Liyindawo enhle kakhulu. U-Jesu iNdodana kaNkulunkulu uyena osivulele indlela eya ezulwini! Into okumele siyenze ukuzimisela ukuya khona. Yilabo abangabonisisi kahle njengalamadoda akulomfanakiso abanganqaba isimemo sikaNkulunkulu.



## Insindiso ingeNkosi uJesu

Kwizenzo 2:21, sifunda ivesi elisemqoka kakhulu, ***"Kuyakuthi yilowo nalowo obiza igama leNkosi uyakusindiswa"*** leli ivesi eliyingqikithi kwiTesitament elisha.

Ngesikhathi uPawulu esejele enengxoxo nomgcinizíboshwa wasonga ngokuba athi, ***"Kholwa iNkosi uJesu ikhona wena nendlu yakho uzakusindiswa"*** (Izenzo 16:31). Umyalezo usobala, kepha futhi, unokudlova kanye nokuguqula izimpilo. Umgciniziboshwa waphenduka ngalobobusuku.

Ingabe wena uJesu ukusindisaphi na? Lona ngumbuzo osemqoka kakhulu ongazibuza wona. Usisindisa endleleni esiholela ekulahlweni kwaphakade, esihogweni. I-Bhayibheli lithi abantu bayochitha ingunaphakade labo besezulwini noma esihogweni. Kulokhu kokubili kukhona okumnandi, kanti okunye kuyesabeka. Akukho ukukhetha okunye. Ngemuva kwemizuzu embalwa umuntu efile kuyokubanzima ukubambelela enkolweni yokuthi ukufa kuyisiphetho. Impilo yakho iyohlulelwa ngobudlelwane obe nakho noJesu. Yilokho okuyokusho ukuthi ingunaphakade lakho uyolichithelaphi.

Ngesikhathi ngisePoland ohambweni lami lokuba yisikhulumi, savakashela indawo lapho khona kwakugcinwa abantu ngesikhathi sempi yesibili yomhlaba. Lendawo ibizwa ngokuthi i-Auschwitz. Eminyakeni aphakathi kuka-1942 no-1944 abantu abangaphezu kwezigidi ezingu-1.6 babulawa, ikakhulukazi amaJuda, abulawa izidumbu zabo zashiswa ngomlilo. Ezincwadini, ivamise ukubizwa ngokuthi "isihogo sase- Auschwitz". Lencazelo ibilokhu ihlezi emqondweni wami ngesikhathi lona osi-